Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   **QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo **EMIBILI ESIQESHINI B.**

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo kumele avele njengamalungiselelo ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) (80)

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela efanele njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa inani lamagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo ubhale ngaso indaba. Impendulo yakho mayibe ubude obungamagama angama-290 kuya kwangama-340.

1.1 Imiphumela Emihle Kamatikuletsheni Ilele Ekusebenziseni Amahora Engeziwe.

1.2 Akuvelwa Kanye Kanye Entabeni Njengamadlebe Embongolo.

1.3 Ngiyayithanda Indlela Abazali Bami Abangikhulisa Ngayo.

1.4 Kwangisiza Ukubekezela.

1.5 Abanye Abantu Bahlupheka Ngoba Bayavilapha.

Khetha isithombe esisodwa kulezi ezilandelayo ubhale ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

1.6.1



[Sithathwe ku: www.bing.pictures.com] **[50]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo **EMIBILI** kulesi siqephu.
- Bhala amagama ayi-**100** kuya kwayi-**120** umbhalo ngamunye.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Ube nokungaboni ngaso linye nobaba wakho wase ugcina usuduba ikhaya.

Bhala incwadi ucele uxolo ngokuziphatha kwakho, uthembise ukuthi okwenzekile ngeke kuphinde kwenzeke. (25)

**2.2 I-INTHAVYU**

Igama lakho libe ngundabamlonyeni emva kokuphumelela ngamalengiso kwizivivinyo zikaMbasa njengoba wenza ibanga le-12.

Bhala i-inthavyu phakathi kwakho nentatheli yephephandaba Isolezwe lapho uchaza khona ukuthi kube yini imfihlo yakho yokuphumelela ngamalengiso. (25)

**2.3 ISIBUYEKEZO**

Inhlangano yentsha yangakini ibiyenze umbungazo wosuku lwenkululeko olugujwa minyaka yonke eNingizimu-Afrika.

Bhala isibuyekezo sombungazo walolu suku. (25)

**2.4 UMLANDO KAMUFI**

Kudlule emhlabeni uthisha obenifundisa esikoleni ofunda kuso. Umndeni wakhe ukucele ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala umlando kamufi. (25)

**2.5 INCWADI YAKOMKHULU**

Abafundi abahlala egunjini elingumakhelwane ehostela lesikole ofunda kuso bahlale bebanga umsindo njalo ngezimpelasonto. Lokhu kuphazamisa isikhathi sakho sokufunda ebusuku.

Bhala incwadi uyibhekise kumphathi wehostela ukhalaze ngalesi senzo. (25)

**2.6 I-IMEYILI**

Ube sengozini yemoto okudale ukuthi ungaphumeleli enkambini yokuziqeqesha yeqembu lakho lezemidlalo.

Bhala i- Imeyili eya kumqeqeshi weqembu uxolise uphinde umnikeze isizathu esinqala esenze ukuthi ungaphumeleli ukuba senkambini. (25)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 2 X 25 = 50**